



## Helping children through stories




Have you thought how stories can offer a way of supporting children through some of life's challenges? As they grow, children are faced with a variety of situations. Some of these may be exciting, like making new friends. But very often they can be difficult and then children may need your help. There are many wonderful stories about the challenging situations and events that children may face, such as starting school, separation, illness, the death of a loved one, divorce, prejudice and bullying.

## Ukusiza izingane ngezindaba

Uke wacabanga nje ukuthi izindaba zihlinzeka kanjani ngendlela yokulekelela izingane ekwedluleni kwezinye izinselelo zempilo? Ngesikhathi zikhula, izingane zibhekana nezimo ezehlukahlukene. Ezinye zalezi zingaba ngezithokozisayo, njengokuthola abangani abasha. Kodwa ngokuvame kakhulu zingaba lukhuni bese izingane zidinga usizo lwakho. Kukhona izindaba eziningi ezimangalisayo ngezimo eziyinselelo kanye nezehlakalo izingane ezingase zibhekane nazo, njengokuqala esikoleni, ukwehlukana, ukugula, ukushona kwabathandiweyo, isehlukaniso, ukucwaswa kanye nokuxhashazwa ezikoleni.

### HOW TO USE STORIES TO HELP CHILDREN COPE

1. Find a story that you like, with a character who has to deal with an issue that your child is facing, or one that might interest him or her. Ask someone who knows storybooks well (like a librarian, bookshop assistant, teacher, counsellor or another parent) to help you choose, or look on the internet for suitable stories.
2. Read and get to know the story yourself before sharing it with your child or a group of children.
3. Think aloud and ask open-ended questions about the story during and after reading it to children. Open-ended questions have no right or wrong answers and help children to reflect on, explore and talk about their concerns, feelings and ideas. Here are some questions for you to try:
  - ★ How would you feel if ...?
  - ★ If I were him, I wonder what I'd do ...
  - ★ I wonder why she said/did that?
  - ★ What do you think is going to happen next?
  - ★ What would you do if ...?
  - ★ What do you do when ...?
4. Find some more ways, related to the story, for children to continue to explore their thoughts and feelings. For example, children can:
  - ★ retell the story in their own way and/or act it out
  - ★ draw a picture about the story or that is inspired by it
  - ★ write a note or letter to one of the story characters
  - ★ tell and/or act out their own stories.



### UKUSEBENZISA IZINDABA UKUSIZA IZINGANE UKUMELANA NESIMO

1. Thola indaba oyithandayo, enomlingiswa okufanele abhekane nesimo ingane yakho ebhekene naso, noma lesa engase isithokozele. Cela othile owazi kahle izincwadi zezindaba (njengosomtapo wezinzwadi, umsizi wasesitolo sezincwadi, uthisha, umeluleki noma omunye umzali) ukuthi akusize ukhethe, noma ubheke kuzizindawazi izindaba ezifanele.
2. Funda bese uthola ukuyazi indaba ngokwakho ngaphambi kokwabelana ngayo nengane yakho noma iqembu lezingane.
3. Kukhuluma okucabangayo ubuze imibuzo evulekile ngendaba ngesikhathi sokufunda nangemva kokuyifundela izingane. Imibuzo evulekile ayinazimpundo eziyiqiniso noma eziyiphutha kanti isiza izingane zikwazi ukukhumbula, ukuhlaziya kanye nokukhuluma ngokuzikhathazayo, imizwa yazo kanye nemibono yazo. Nayi eminye imibuzo ongayizama:
  - ★ Ubungazizwa kanjani uma ...?
  - ★ Ukuba benginguye, kazi bengizokwenzani ...
  - ★ Ngiyamangala ukuthi kungani esho/enze lokho?
  - ★ Ucabanga ukuthi yini ezokwenzeka elandelayo?
  - ★ Wawuzokwenzani ukuba ...?
  - ★ Wenzani ngenkathi ...?
4. Thola ezinye futhi izindlela, ezihlobene nendaba, ukuze izingane ziqhubeke nokuhlola imicabango yazo kanye nemizwa. Ukwenza isibonelo, izingane zingakwazi:
  - ★ ukuxoxa indaba kabusha ngeyazo indlela futhi/ noma ziyilingise
  - ★ ukudweba isithombe ngendaba noma esikhuthazwe yiyo
  - ★ ukubhala umyalezo noma incwajana eya komunye wabalingiswa bendaba
  - ★ ukuxoxa futhi/noma ukulingisa izindaba okungezazo.



### How stories can help

- ★ When children discover story characters who have had similar experiences as they have, it helps them feel less alone and may also help them to better understand and cope with a challenging situation.
- ★ Many children find it difficult to identify and communicate how they are feeling. Reading stories can help them understand themselves better and can give you all a great starting point for discussions.

### Indlela izindaba ezingasiza ngayo

- ★ Uma izingane zithola abalingiswa bendaba abehlulwa yizinto ezifanayo nezenzeke kuzo, kuyazisiza zizizwe zingezodwana futhi zingase zizisize ziqonde kangcono zibuye zimelane kangcono nesimo esiynselelo.
- ★ Izingane eziningi zikuthola kunzima ukuhlonza kanye nokusho ukuthi zizizwa kanjani. Ukufunda izindaba kungazisiza ukuthi ziziqonde kangcono futhi nonke kuninike isiqalo esihle sokuxoxisana.



Drive your  
imagination



IT STARTS WITH  
A STORY.  
KUQALA  
NGENDABA  
EXOXWAYO.



## Stories@school

Do you want to encourage the children in your class to keep reading and writing? Here are two easy ideas to try!

- Invite the children to express their opinions about the books and Nal'ibali Supplement stories they have read. Let them fold A4 sheets of paper in half and glue them together to make reading record cards. Ask them to write their names at the top and to draw three columns. Each week they can write the names of the books and stories they have read in the first column, and in the second column they can rate the book or story from 1–5 to show how much they enjoyed it. Encourage them to write the reasons for their rating in the third column.

- Celebrate any writing that the children have done by asking them to read their stories or poems aloud to other children in your class or other classes. If you can, also display their writing so that other children can read it at their leisure!



## Izindaba esikoleni

Ngabe ufuna ukukhuthaza izingane ekilasini lakho ukuthi ziqhubeke nokufunda nokubhala? Nayi imiqondo emibili elula ongayizama!

- Cela izingane ukuthi zizwakalise imibono yazo ngezincwadi kanye nezindaba zeSithasiselo sikaNal'ibali ezizifundile. Mazigoqe iziqephu zamaphepha eziyi-A4 zibe nguhhafu bese zizinamathiselisa ndawonye ukwenza amakhadi okufunda. Zicele ukuthi zibhale amagama azo phezulu bese zidweba amakholamu amathathu. Isonto ngalinye zingabhala izihloko zezincwadi kanye nezindaba ezizifundile kukholamu yokuqala, bese kukholamu yesibili zilinganisela izinga lencwadi noma indaba ukusuka ku-1–5 ukukhombisa ukuthi ziyithokozele kangakanani. Zikhuthaze ukuthi zibhale izizathu zezilinganiso zazo kukholamu yesithathu.

- Gubha nanoma yimiphi imibhalo izingane eziyenzile ngokuzicela ukuthi zifunde izindaba noma izinkondlo zazo kuzwakale zifundela ezinye izingane ekilasini lakho noma kwamanye amakilasi. Uma ungahle ukwazi, phinda ukhangise ngemibhalo yazo ukuze ezinye izingane zikwazi ukuyifunda ngesikhathi sokungeceleleka nje!

## Reading club corner



Choosing a name for your reading club is important because the name needs to inspire children to want to join the club – and then to keep coming back! So your club's name needs to be positive and something the children are proud of.

### Ideas to include in your club's name

You could include any of the following ideas.

- The name of the area in which your club meets.
- Words that rhyme or start with the same letter.
- Words that encourage children to believe in themselves.
- Words that describe the club members.

You could put two or more of these elements together to create a name for your club. You could also ask the children for suggestions for a name for your reading club and then vote to choose the one that is the most popular.

### Future Leaders Reading Club



### Amasu ngongakufaka egameni lethimba lakho

Ungafaka noma yikuphi kula masu alandelayo.

- Igama lendawo lapho ithimba lakho lihlanganela khona.
- Amagama anemvumelwano noma aqala ngohlamvu olufanayo.
- Amagama akhuthaza izingane ukuthi zikholelwe kuzo uqobo.
- Amagama achaza amalungu ethimba.

Ungahlanganisa ndawonye izimpawu ezimbili noma ngaphezulu kulokhu ukwenza igama lethimba lakho. Ungacela futhi izingane ukuba ziphakamise igama lethimba lakho lokufunda bese nivota ukuze nikhethe lelo elithandeka kakhulu.

### Bright Sparks Reading Club

### Boksburg Bookworm Reading Club

### I-Future Leaders Reading Club

### I-Boksburg Bookworm Reading Club

### I-Bright Sparks Reading Club

## GIVE-AWAY! EZOKUPHANA!



We publish what we like

For a chance to receive one of five copies of *Explore! Awesome South African artists*, send an email to [info@nalibali.org](mailto:info@nalibali.org) with **Supplement Book Give-away** in the subject line. Remember to include your full name, age and contact details.

Ukuba sethubeni lokuthola eyodwa kwamahlanu amakhophi encwadi ethi *Explore! Awesome South African artists*, thumela i-imeyili ku-[info@nalibali.org](mailto:info@nalibali.org) ufake emgqeni wesihloko esithi **Supplement Book Give-away**. Khumbula ukufaka igama lakho eligcwele, iminyaka yobudala kanye neminingwane yokuxhumana.



Drive your imagination

## Get creative!

Words make us think! Here are a few quick, fun word games to play with your family and at your reading club.

**You will need:** paper; scissors; pens or pencils; Prestik (optional)

### What to do

1. Prepare for the activity by cutting up paper into small pieces that are about 4 cm x 5 cm. It doesn't matter if the measurements are not exact. If you can use sheets of different coloured paper, that is even better!
2. Give each person between 8 and 10 pieces of paper and a pencil or pen.
3. Now you should all write one word on each piece of paper. As you do this:
  - ★ don't think too hard about what words to write, just write down the words that pop into your head!
  - ★ don't worry about spelling the words correctly – that can always be corrected later, as long as you know what the word says.
  - ★ help younger children by writing the words they tell you.



4. Put all the words in an open area (like on a wall or on the floor) where everyone can see them. Then try out one or more of these ideas.
  - ★ Choose words to combine into unusual pairs. For example: *monster stars* or *fly flowers*.
  - ★ Choose one word, then see how many of the other words you can use with it. For example: *lost flowers*, *lost monster*, *lost stars*, *lost window*, *lost window flowers*, *lost fly*, etc.
  - ★ Choose 10 words and see how many different sentence combinations you can make with them. (You may need to use other words, like *the*, *and*, *a*, *to*, *but*, *on* to link the words you choose.)
  - ★ Choose words and build poems with them. You'll need to add linking words here too.

## Veza ubuciko bakho!

Amagama ayasicabangisa! Nayi imidlalo yamagama embalwa esheshayo, ethokozisayo ongayidlala nomndeni wakho nasethimbeni lakho lokufunda.

**Uzodinga:** iphepha; isikelo; amapeni noma amaphensela; iphrestiki (ungazikhethela)

### Okufanele ukwenze

1. Lungiselela umsebenzi ngokusika iphepha libe yiziqephu ezincane ezinesilinganiso esicishe sibe ngu-4 cm x 5 cm. Akunendaba ukuthi izilinganiso azinombi. Uma uzokwazi ukusebenzisa iziqephu zamaphepha emibala eyahlukene, lokho kungaba ngcono nakakhulu!
2. Nikeza umuntu ngamunye phakathi kwezinqephu zephepha eziyisi-8 neziyi-10 kanye nepensela noma nepeni.
3. Manje-ke kufanele nonke nibhale igama elilodwa esiqeshini esisodwa sephepha. Ngesikhathi nikwenza lokhu:
  - ★ ningacabangi kakhulu ngamagama enizowabhala, manivele nibhale phansi amagama afika emakhanda enu!
  - ★ ningakhathazeki ngokubhala amagama ngesipelingi esifanele – lokho kungalungiswa ngokuhamba kwesikhathi, inqobo nje uma nazi okuchazwa yigama.
  - ★ siza izingane ezincanyana ngokubhala amagama ezikutshela wona.

4. Beka wonke amagama endaweni evulekile (njengasobondeni noma phansi) lapho wonke umuntu ezokwazi ukuwabona khona. Emva kwalokho zama owodwa noma emibili yale miqondo.
  - ★ Khethe amagama ozowabhanqa abe ngokubili okungajwayelekile. Ukwenza isibonelo: *inunu izinkanyezi* noma *izimpukane izimbali*.
  - ★ Khethe igama elilodwa, bese ubona ukuthi yimaphi amanye amagama angawasebenzisa nalo. Ukwenza isibonelo: *izimbali ezilahlekile*, *inunu elahlekile*, *izinkanyezi ezilahlekile*, *ifasitela elilahlekile*, *izimbali zamafasitela ezilahlekile*, *impukane elahlekile*, njll.
  - ★ Khethe amagama ayi-10 bese ubona ukuthi ungenza inhlanganisela yemisho eyahlukene emingaki ngawo. (Ungase udinge ukusebenzisa amanye amagama, njengokuthi *i*, *kanye*, *ku*-, *kodwa*, *futhi*, *phezu* ukuxhumanisa amagama owakhethayo.)
  - ★ Khethe amagama bese wenza izinkondlo ngawo. Kuzodingeka wengeze namagama axhumanisayo.

## Collect the Na'ibali characters

Cut out and keep all your favourite Na'ibali characters and then use them to create your own pictures, posters, stories or anything else you can think of! You could also cut out this picture of Dintle and add a speech bubble to show what she is "saying" as she "reads" her book!

### About Dintle

**Age:** 9 months old

**Lives with:** her mother, Mme wa Afrika, and her brother, Afrika

**Home languages:** she doesn't speak yet, but understands Sesotho and she kicks her feet and gurgles when her mom reads to her!

**Books she likes:** books about animals and babies

**Also likes:** listening to Sesotho rhymes that Afrika says to her



## Qoqa abalingiswa bakwaNa'ibali

Sika ukhiphe bese ugcina bonke abalingiswa obakhonzile bakwaNa'ibali bese ubasebenzisa ukuzakhela izithombe, amaphosta, izindaba noma yini-ke okunye ongakucabanga okungokwakho! Ungasika ukhiphe nanasi isithombe sikaDintle bese ufaka ibhamuza lenkulumo ukukhombisa "akushoyo" ngesikhathi "efunda" incwadi yakhe!

### Mayelana noDintle

**Ubudala:** izinyanga eziyisi-9

**Ahlala nabo:** unina, uMme wa Afrika, kanye nomfowabo, u-Afrika

**Izilimi zasekhaya:** akakakwazi ukukhuluma, kodwa uyasiqonda isiSuthu futhi ukhahlela ngezinyawo zakhe bese ehleka ngenkathi unina emfundela!

**Izincwadi azithandayo:** izincwadi ezimayelana nezilwane kanye nezingane

**Uphinde athande:** ukulalela imilolozelo yesiSuthu u-Afrika amsholo yona



## Get caught reading!

It is fun to try and catch your children reading – and for them to catch you too! Encourage others to connect or reconnect with reading – whether that means reading a novel, a picture book, a biography, poetry, a blog, their favourite magazine or the sports pages in the newspaper!

Here are some ideas for ways to spread the “reading is fun” message.

- Show others that reading can be done anywhere. Read in a bus, taxi or train. Try reading in different places, like on a bench at the park, in a shopping centre or in the queue at the bank!
- Don't let your children leave home without a book. Encourage them to read everywhere – in the car or on the bus on the way to and from school, on the playground and in their classroom!
- Write a note to your child and put it in their lunchbox, in a school textbook or somewhere else where they will find it during the day. Put this message at the end of your note: “I just caught you reading!”
- Take photos of yourself reading on your own or with others – especially with your children – and post them on Facebook or Instagram with the hashtag #GetCaughtReading.



## Tholakala ufunda!

Kuyathokozisa ukuzama ukuthola izingane zakho zifunda – bese nazo futhi zithola wena! Khuthaza abanye ukuxhumana noma ukuphinda baxhumane nokufunda – noma ngabe lokho kusho ukufunda inoveli, incwadi yezithombe, incwadi yempilo yomuntu, izinkondlo, ibhulogi, iphephabhuku abalikhonzile noma amakhasi ezemidlalo ephephandabeni!

Nawa amanye amasu ngezindlela zokusabalalisa umyalezo othi “ukufunda kuyintokozo”.

- Khombisa abanye ukuthi kungafundelwa noma yikuphi. Funda ebhasini, etekisini noma esitimeleni. Zama ukufunda ezindaweni ezahlukene, njengasebhentshini epaki, enxanxatheleni yezitolo noma emgqeni ebhange!
- Ungazivumeli izingane zakho ukuba zifulathele ikhaya zingaphethe ncwadi. Zikhuthaze ukuthi zifunde noma yikuphi – emotweni noma ebhasini endleleni eya kanye nebuya esikoleni, enkundleni yezemidlalo kanye nasekilasini lazo!
- Bhalela ingane yakho umyalezo bese uwufaka esikhwameni sayo somphako, encwadini yesikole noma ndawana thize lapho izowuthola khona ngokuqhubeka kosuku. Faka lo myalezo ekugcineni kokubhalile: “Sengikubambe usafunda!”
- Thwebula izithombe zakho uzifundela wedwa noma nabanye – ikakhulukazi nezingane zakho – bese uzifaka ekhasini leFacebook noma ku-Instagram nge-hashtag ethi, #GetCaughtReading.



**WIN!  
WINA!**




For a chance to win some Book Dash books, write a review of the story, *The very tired lioness* (pages 7 to 10), and email it to [team@bookdash.org](mailto:team@bookdash.org), or take a photo and tweet us at [@bookdash](https://twitter.com/bookdash). (Your review could be published in a future Nal'ibali Supplement!) Remember to include your full name, age and contact details.

Ukuthola ithuba lokuwina ezinye izincwadi zakwa-Book Dash, bhala iqoqa elihlaziya indaba ethi, *Ibhubesikazi elikhathale kakhulu* (amakhasi 7 kuya kwele-10), bese ulithumela nge-imeyili ku-[team@bookdash.org](mailto:team@bookdash.org), noma uthwebule isithombe bese uxhumana nathi ngothwitha ku-[@bookdash](https://twitter.com/bookdash). (Iqoqa lakho lokuhlaziya lingashicilelwa kuSithasiselo sikaNal'ibali sangesikhathi esizayo!) Khumbula ukufaka igama lakho eligcwele, iminyaka yobudala kanye neminingwane yokuxhumana.



### Create TWO cut-out-and-keep books

1. Take out pages 5 to 12 of this supplement.
2. The sheet with pages 5, 6, 11 and 12 on it makes up one book. The sheet with pages 7, 8, 9 and 10 on it makes up the other book.
3. Use each of the sheets to make a book. Follow the instructions below to make each book.
  - a) Fold the sheet in half along the black dotted line.
  - b) Fold it in half again along the green dotted line.
  - c) Cut along the red dotted lines.



### Zenzele ezakho izincwadi EZIMBILI ozozisika uzikhiphe bese uzigcina

1. Khipha ikhasi lesi-5 ukuya kwele-12 alesi sithasiselo.
2. Iphepha elinamakhasi 5, 6, 11 kanye nele-12 lenza incwadi eyodwa. Iphepha elinamakhasi 7, 8, 9 kanye nele-10 lenza enye incwadi.
3. Sebenzisa iphepha ngalinye ukuze wenze incwadi. Landela imiyalelo engezansi ukuze wenze incwadi ngayinye.
  - a) Songa iphepha libe nguhhafu ngokulandela umugqa wamachashazi amnyama.
  - b) Lisonge libe nguhhafu futhi ulandele umugqa wamachashazi aluhlaza okotshani.
  - c) Sika ulandele umugqa wamachashazi abomvu.



Drive your  
imagination




U'Banele ucabanga ukuthi abantu abaningi bayawuthanda umsebenzi wakhe ngoba imisebenzi yakhe yonke yobuciko imayelana nemizwelo ayizwayo nsuku zonke. Ezobuciko seziphenduke "umngani" ongamehluleli yikhona ezokwethembeka ngokuphelele ngemcabango kanye nemizwa yakhe. Ukukhuluma ngemizwa kanye nokwabelana ngayo nabanye ngezinye izikhathi kunqase kube nzima kubantu: Njengokuba namahloni ngoba usho okuthile okungasile kumuntu, noma uzizwa usudumele lapho umuntu othile ehleba ngawe. Uma abantu bebuka ubuciko bukaBanele, futhi bafunde ngabo, bangavuma ukuthi: "Yebo, ngike ngazizwa ngaleyo ndlela phambili!"

Banele thinks many people like his work because his artworks are all about emotions that he feels every day. Art has become a "friend" that doesn't judge him so that he can be completely honest with his thoughts and feelings. Talking about emotions and sharing them with others can sometimes be hard for people. Like feeling embarrassed because you said something silly to someone, or feeling sad when someone gossips about you. When people look at Banele's art, and read about it, they can recognise: "Yes, I have felt that way before!"

But Banele was worried that not enough people thought that they could go into galleries because they didn't understand what art was, or how they should behave in a gallery. He was also worried that he was successful while many of his friends were not. So he created a gallery that feels nice and comfortable where anyone can come and see and learn about art. When you go into Banele's gallery you get the same warm and friendly feeling from the space that you get from talking to Banele himself.

A painting by Banele. Umdlwebho opendwe nguBanele.



Kodwa-ke uBanele wayekhathazekile ngokuthi badenganele abantu abacabanga ukuya kumagali ngoba badengagandi ukuthi ezobuciko ziyini, noma kumele baziphathe kanjani egali. Kodwa wayephinde akhathazwe wukuthi yena wayephumelele noma iningi labangani bakhe lalingaphumelele. Ngakho wasungula igali eyayenza umuntu azizwe ekahle futhi ekhululekile nokuyilapho noma ngubani wayeza, abuke abuye afunde ngezobuciko. Uma ungena egali kabanele uthola umuzwa ofanayo ofudumele nomnene ophuma endaweni oyithola ngokukhuluma noBanele ngobo.

# EXPLORE!

## AWESOME SOUTH AFRICAN ARTISTS



# HLAZIYA!

## AMACIKO AMANGALISAYO ASENINGIZIMU AFRIKA

COBI LABUSCAGNE  
LAUREN MULLIGAN



This is a specially adapted version of *Explore! Awesome South African artists*, published by Jacana Media. The original book shares the stories of 44 of South Africa's finest living contemporary artists, as well as examples of their art. It is written for children between the ages of 9 and 15 and is available in bookstores and online from [www.jacana.co.za](http://www.jacana.co.za).

Lolu wushicilelo oluhlelwe ngokukhethekile lwencwadi ethi *Explore! Awesome South African artists*, eshicilelwe ngabakwaJacana Media. Incwadi okususelwa kuyo yabelana ngezindaba zamaciko angama-44 ezinga eliphezulu aphilayo esikhathi samanje aseNingizimu Afrika, kanye nezibonelo zemisebenzi yawo. Ibhalelwe izingane eziphakathi kweminyaka eyisi-9 neyi-15 ubudala kanti iyatholakala ezitolo zezincwadi nakusizindalwazi ku-[www.jacana.co.za](http://www.jacana.co.za).

© Jacana Media (World rights) Tel: 011 628 3200



We publish what we like

Nal'ibali is a national reading-for-enjoyment campaign to spark and embed a culture of reading across South Africa. For more information, visit [www.nalibali.org](http://www.nalibali.org) or [www.nalibali.mobi](http://www.nalibali.mobi)




UNal'ibali umkhankaso kazwelonke wokufundela ukuzithokozisa wokokhela inhansi nokuzinzisa isiko lokufunda eNingizimu Afrika yonkana. Ukuze uthole eminye imininingwane, vakashela ku-[www.nalibali.org](http://www.nalibali.org) noma ku-[www.nalibali.mobi](http://www.nalibali.mobi)



Drive your imagination





“The artists on these pages take the time to look at what is going on around them, who they are, what the world is like, then create artworks that can help us understand these things better. These extracts from the original book *Explore! Awesome South African artists* introduce you to some of our great artists working today so you can go on and learn more about them. Enjoy reading about them and know that you can become an artist yourself if you really want to!”

Cobi Labuscagne

“Amaciko akula makhasi athatha isikhathi ukubuka okwenzekayo endaweni eseduze nawo, ukuthi angobani, umhlaba unjani, bese esungula imifanekiso esisiza ukuba siziqonde kangcono lezi zinto. Lezi ziqephu eziphuma encwadini okususelwa kuyo ethi *Explore! Awesome South African artists* ikwethula kwamanye amaciko ethu aphezulu asebenza namuhla yikhona uzoqhubeka ufunde okwengeziwe ngawo. Thokozela ukufunda ngawo futhi wazi ukuthi ungaba yiciko ngokwakho uma ngabe ufuna ngempela ukuba yilo!”

NguCobi Labuscagne

# UNKULE MABASO

The title of his first solo exhibition in an American museum shows that sometimes Kemang is still surprised by everything that has happened to him in the art world. For this exhibition he made one work where he illustrated notes from a song by South African jazz musician, Feya Faku, out of hair. The song speaks about the life of South African activist, Steve Biko. The hair reminds you of the way people in South Africa were classified into different races because of how their hair looked. He called the exhibition, “In All My Wildest Dreams”.

Kemang feels that art has a political job to do. And while people might say art can’t change the world, he thinks it can change individuals, both those who make it and those who engage with it.

Isihloko sombukiso wakhe awenze eyedwana esigcina-magugu saseMelika sikhombisa ukuthi uKemang usamangele ngakho konke okwenzekile kuye emhlabeni wezobuciko. Kulo mbukiso wenza umsebenzi owodwa lapho ayewafanekisa ngezinwele amanothi aphuma engomeni yomculi wejezi waseNingizimu Afrika, uFeya Faku. Ingoma ikhuluma ngempilo yesishosho vu saseNingizimu Afrika, uSteve Biko. Izinwele zikukhumbuza indlela abantu eNingizimu Afrika ababehlukaniswa ngayo ngokwezinhlanga ezahluken e ngenxa yendlela izinwele zabo ezazibukeka ngayo. Wabiza umbukiso ngokuthi, “Kuwo Wonke Amaphupho Ami Angaqondakali” (“In All My Wildest Dreams”).

UKemang unomuzwa wokuthi ezobuciko zinomsebenzi wepolitiki eziwenzayo. Futhi-ke nakuba abantu bengase bathi ezobuciko azikwazi ukuguqula umhlaba, yena ucabanga ukuthi zingaguqula abantu, labo abazenzayo kanye nalabo abazihlaziwayo.

It is strange to think that Nkule Mabaso at first struggled with schoolwork. They realised later that it was because she was left-handed and was being forced to do everything with her right hand. Nkule grew up in KwaZulu-Natal as one of seven children. Her parents were both teachers. At one point her mother had to travel many hours every day to teach at a school far away. That meant that Nkule spent time in aftercare and in extramurals, which was the perfect opportunity for her to draw and paint. For a long time before she decided on art, Nkule thought she would be a fashion designer. She liked that it was a type of art that people could wear and other people could see. Her father wanted her to be an engineer to make sure that she had many options in life. So there was a bit of a fight when Nkule insisted on art or nothing. In the end she got to go to art school. Nkule was dissatisfied at art school. She felt that there was too much focus on only making art, so she took on lots of other subjects too. Nkule was used to doing more than she had to because in matric she took ten subjects rather than the usual six!

Kuyaxaka nje ukucabanga ukuthi ekugaleni uNkule Mabaso wayedonsa kanzima emsebenzini wesikole. Babona ngokuhamba kwesikhathi ukuthi lokhu kwakwenziswa wukuthi uyinxele kanti wayephinqwa ukuthi enze zonke izinto ngesokudla. UNkule wakhulela KwaZulu-Natali njengomunye wezingane eziyisikhomibisa. Bobabili abazali bakhe babengothishisa. Ngesisikhathi esithile uninina kwakudingeka ukuba ahambe amahora amaningi nsuku zonke eyofundisa esikoleni esikude kakhulu. Loko kwakuchaza ukuthi uNkule wayechitha isikhathi endaweni enakekela abafundi sekuphume isikole futhi enza imisebenzana yokwengeziwe, okwakuyithubaba elihle lokuthi adwebwe abuye apende. Esikhathini eside ngaphambi kokuthi athathe ezobuciko, uNkule wayecabanga ukuthi uzoba wumsiiki wengqephu. Wayekuthanda lokho ukuthi kwakuwuhlobo lobuciko abantu ababebugoka kuthi abanye abantu babubukele. Uyise wayefuna ukuthi abe ngumjiniyela ukugqinisekisa ukuthi wayenezinto eziningi angakhethe kuzo empilweni. Ngakho-ke kwaba nokuxabana okuncane ngenkathi uNkule egcizelela ukuthi kwakuzoba ezobuciko noma angenzi lutho. Ekugcineni, wakwazi ukuya esikoleni sezobuciko.

UNkule wayenganelisekile esikoleni sezobuciko. Wayezwa sengathi kugxile kakhulu ekwenzeni ubuciko kuphela, ngakho wathatha ezinye izifundo eziningi. UNkule wayefwayele ukwenza okungaphhezu kokufanele ngoba kwamabkuletsheeni wathatha izifundo eziyishumi esikhundleni sezizisithupha ezejwayelekile!

Wagala ukuthengisa umsebenzi wakhe kubangani abakhulu kanye nasethimbeni lezisebenzi esikoleni. Isikhathi esibaluleke kakhulu kwakuyilapho ayewine khona imincintiswano emibili emikhulu yezobuciko. Wazama iminyaka emithathu ukwina kodwa engaliki ndawo. Lokhu akuzange kumphazamise kakhulu nokho, ngoba wayekubona njengendlela yokwenza abantu abaningi babone umsebenzi wakhe. Ekugcineni wawina futhi wathoba ithuba lokusebenza edolobheni elikhulu laseParts izinyanga ezintathu. UKuhlala nokusebenza njengeciko eParts kwakuyisithiso esikhulu siKaBanele ngekusasa lakhe kanti wafinyelela kuso eseneminyaka engama-23 kuphela ubudala!

But Banele had a dream, and so he moved to Pretoria to study to become an artist. It didn’t take very long before he was quite a successful artist. Even when he was still a student, Banele had lots of followers on social media and that was how he started to find people who understood him and had the same feelings that he did. He started selling his work to close friends and staff members at school. The most important moment was when he won two big art competitions. He tried for three years to win without getting anywhere. This did not bother him too much though, because he saw it as a way to get more people to see his work. Eventually he won and he got the opportunity to work in the big city of Paris for three months. Living and working as an artist in Paris was Banele’s biggest dream for his future and he achieved this when he was only 23 years old!



Ngakho-ke, ibhubesikazi lasukuma  
kancane kancane lalandela ilanga.



So the lioness slowly got up and followed  
the sun.

Ngenkathi ibhubesikazi liphinda livula  
amehlo alo, ilanga lalilokhu lisesihlahleni.  
“Isikhathi sesihambile,” kwasho ilanga.  
“Ngilandele.”



When the lioness opened her eyes again, the  
sun was still in the tree.  
“It’s getting late,” said the sun. “Follow me.”

## The very tired lioness Ibhubesikazi elikhathale kakhulu



Imile Wepener  
Maren Bodenstein  
Nathan McKay



Lots more free books at [bookdash.org](http://bookdash.org)

Nal'ibali is a national reading-for-enjoyment  
campaign to spark and embed a culture of reading  
across South Africa. For more information, visit  
[www.nalibali.org](http://www.nalibali.org) or [www.nalibali.mobi](http://www.nalibali.mobi)



UNal'ibali umkhankaso kazwelonke wokufundela  
ukuzithokozisa wokokhela inhlansi nokuzinzisa  
isiko lokufunda eNingizimu Afrika yonkana.  
Ukuze uthole eminye imininingwane, vakashela  
ku-[www.nalibali.org](http://www.nalibali.org) noma ku-[www.nalibali.mobi](http://www.nalibali.mobi)



Drive your  
imagination



One day the lioness woke up with a strange feeling that something was watching her. When she looked up, she saw a boiling, rolling creature in the tree. "Who are you?" asked the lioness. "I am the sun. I have come to fetch you," answered the creature. "Go away," grumbled the lioness. "I want to sleep."

Ngolunye usuku ibhubesikazi lavuka linomuzwa ongaywayelekile sengathi kukhona okulibukayo. Ngenkathi libuka phezulu, labona isilwane esibilayo, esiphendukayo esihlahleni. "Ungubani wena?" kwabuza ibhubesikazi. "Ngiyilanga. Ngize ukuzokulanda," kwaphendula isilwane. "Hamba," kubhoka ibhubesikazi. "Ngifuna ukulala."

There was once a very old and very tired lioness. She was so tired that she slept all day ... and all night.



Kwake kwaba khona ibhubesikazi elalilidala kakhulu futhi likhathele kakhulu. Lalikhathele kakhulu ngendlela yokuthi lalilala usuku lonke ... nobusuku bonke.



But at night, when the sun is asleep, she looks down at the beautiful world she left behind.



Kodwa-ke ebusuku, ngenkathi ilanga lilele, ibhubesikazi libheka phansi libuke umhlaba omuhle elawushiyayo.



“Happy hunting,” called her sisters and daughters after her.  
“See you! See you!” chirped the bird.  
But the lioness didn’t hear anything as she climbed higher and higher and higher into the sky.  
“Uze ukuthokozele ukuzingela,” kumemeza odadewabo kanye namadodakazi emuva kwalo.  
“Sizokubona! Sizokubona!” kutshiloza inyoni.  
Kodwa ibhubesikazi alizwanga lutho ngenkathi likhwela lenyukela phezulu, phezulu, phezulu esibhakabhakeni.

And so the lioness came to live with the sun. All day she lays lazily in its warmth.



Ngakho-ke ibhubesikazi leza lazohlala nelanga. Usuku lonke lilala ngokuvilapha ekufudumaleni kwalo.



“Come and hunt with us,” said her sisters and daughters.  
But the lioness was too tired.



“Woza uzozingela kanye nathi,” kusho odadewabo namadodakazi alo.  
Kodwa ibhubesikazi lalikhathale kakhulu.





“What’s wrong with her?” asked the young impalas.

“Don’t go too close,” warned their mothers. “She might eat you.”

But the lioness just flicked her ears to chase away the flies.


“Yini engahambi kahle ngalo?” kubuza izimpala ezincane.

